**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LEMIGWAQO U-P 601 NO P749 EMZIMKHULU, MHLAKA-11 EPHRELI 2010.**

**Ngiyanibingelela nonke**

NgolwesiHlanu lolu esiphuma kulona bengethula Isabelo-mali sami sokuqala semiNyango emibili wezokuThutha nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Ngesikhathi ngethula isabelo-mali sezokuThutha, ngikugcizelelile ukuthi ukuhlela kwethu nokubhekela imisebenzi okumele ihambe phambili emnyangweni kuyahambisa namaphuzu angu-12 ezinhlelo zesifundazwe ezibekwe eqhulwini nezisekela ukuthuthukiswa kwabantu bakithi kwinhlalo-mnotho ezindaweni zasemakhaya.

Siyazi ukuthi eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi, iningi labantu abahlala ezindaweni zasemakhaya ukuze bakwazi ukufinyelela ezindaweni zosizo njengemitholampilo, izikole, izikhungo zokuholela impesheni, amahhovisi ezaseKhaya njll. basebenzisa amabhasi noma amatekisi noma ukuhamba ngezinyawo.

Ngalokho-ke, umsebenzi wethu njengoMnyango wezokuThutha ngukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yethu yasemakhaya ithola uhlelo lwezokuthutha oluphephile, oluthembekile, olungambi eqolo nolutholakala ngesikhathi esifanele ukuze bafinyelele ezindaweni ezibalwe ngenhla.

UMzimkhulu ungenye yezindawo ezahlukunyezwa kakhulu ingcindezelo yobukoloni neyobandlululo okwashiya imiphakathi yakithi isele emuva ngentuthuko, kunganyakazi lutho nje. Ngenkathi uMzimkhulu uwela esifundazweni saKwaZulu-Natal ngo-2006, imigwaqo ebikhona ibisesimweni esibi kakhulu. Umphakathi wale ndawo ububhekene nenhlekelele uqobo kwezenhlalo-mnotho naphezu kokuba unamathuba amahle okuthuthuka kwezolimo nezokuvakasha.

Manje, yini esiyenzayo njengohulumeni nanjengoMnyango wezokuThutha ukubhekana nalesi simo? Ngo-April 2007, uMnyango wezokuThutha kaZwelonke unikezele ngo-R96.6 million emnyangweni wesifundazwe ukuze kwakhiwe ingqalasizinda yomgwaqo entsha nokuthi kulungiswe kabusha leyo ekhona endaweni yaseMzimkhulu.

Imali engu-R120 million nenye engu-R108.8 million yabelwe le ndawo ngonyaka wezimali ka-2008/2009 no-2009/2010 ngokulandelana. Kulo nyaka wezimali ka-2010/2011, sifake u-R164,2 million wokuthuthukisa indawo yaseMzimkhulu. Ingxenye yale mali izofaka itiyela emigwaqeni u-P601 no-P749.

Ekubhekeleni imiphakathi le migwaqo u-P601 no-P749 ezoyisiza kanye nemihlomulo ezolethwa yile migwaqo, kutholakale ukuthi umthamo wezimoto ezihamba lapha wenyukile kule minyaka edlule kanti imigwaqo iyasindeka manje. Ngakho-ke uMnyango ube usubona kunesidingo sokuthi imigwaqo uP601 no P741 ibekwe phambili kwezofakwa itiyela ngonyaka wezimali ka-2010/2011.

Uhlelo lokufakwa kwetiyela kule migwaqo luzothatha iminyaka yezimali emithathu elandelanayo. Kulo nyaka wezimali (2010/2011) kuzokwakhiwa amakhilomitha amathathu omgwaqo ngamunye okuzokudla isamba sika-R14,9 million ku-P749 nesika-R26,3 million ku-P601. Ubude bomgwaqo ngamunye buzokuba ngu-13 km kanti kulindeleke ukuthi umsebenzi uphothulwe ngonyaka wezimali ka-2012/2013. Isiyonke imali ezotshalwa kule migwaqo emibili ingu-R211,2 million.

Uma sekwakhiwa kuzosetshenziswa osonkontileka asebemnkantshubomvu kanye nalabo abasafufusa ukuze kushiyelwane amakhono. Kodwa ngifuna ukuniqinisekisa ukuthi umsebenzi wokwakhwa uzophinda udale namathuba emisebenzi kubantu bendawo kungene nemali endaweni. Phela kuhlale kungumgomo wethu ukuthi izindleko zokwakha kumele zibe yinzuzo emphakathini wendawo. Nalapha-ke sizodinga ukuthi osonkontileka bathole izinto zokwakha khona lapha eMzimkhulu kuphinde kuqashwe ama-artisan endawo uma ekhona kanye nabazokwenza imisebenzi enjengokuxova udaka.

Le migwaqo ibaluleke kakhulu njengoba ixhumanisa izindawo ezakhele uMzimkhulu kanti futhi isetshenziswa cishe uhhafu womphakathi waseMzimkhulu.

Okunye futhi ngukuthi ingenye yezindlela ezilekelela ezomnotho endaweni yaseMzimkhulu njengoba:

- Isetshenziswa yizivakashi ezihambela izindawo zokuvakasha, njengalapho kugcinwa khona imvelo esithi ama-Nature Reserve kanye nezindawo zokulala ama-B&B nokunye.
- Isetshenziswa ngamaloli namaveni adiliva izimpahla emafemini ko-Franklin, eMalange naseMzimkhulu jikelele.
- Ixhumanisa imigwaqo emingi emincane engenela emiphakathini.
- Isetshenziswa yimiphakathi ukufinyelela enkantolo yemantshi, emiNyangweni wezeMfundo, wezeMpilo nowokuThuthukiswa koMphakathi, imitholampilo, isibhedlela, izikole, isiteshi samaphoyisa, njll.
- Isetshenziswa imiphakathi eyakhele amakhosi amaningi kule ndawo.

Njengoba ngithokoziswa ukubona ukuthi namuhla kuqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMzimkhulu, ngibona kubalulekile futhi ukugcizelela isidingo sezokuphepha emgwaqeni kungakaqali nje ukulungiswa kwemigwaqo. Phela sekucacile ukuthi asikho isidingo sokwakha imigwaqo ezogcina ithatha izimpilo zabantu njengoba abashayeli bethanda ukushayela budedengu uma imigwaqo isimihle.

Sidinga ukuqinisa imikhankaso yezokuphepha emigwaqeni yethu noma yikuphi lapho sikhona, ukuze sakhe imigwaqo ezothuthukisa abantu hhayi ukubabulala. Uma sekuqediwe ukwakhiwa kwale migwaqo, sizokwenza izindlela zokuthi ijubane lehliswe ngendlela efanele.

Ngifisa ukuthatha leli thuba ngexwayise abemboni yamatekisi ikakhulukazi laba abasebenzisa amakhumbi abanomkhuba wokudla ngenkani imizila esifakwe itiyela. Siyazi ukuthi kunabantu abaphula umthetho lapha abasebenzisa amaveni ukuthutha umphakathi. Kodwa futhi siyakuqonda ukuthi lesi kuseyisimo senkukhu neqanda ngoba abanye bazobuza ukuthi yini efika kuqala phakathi komgwaqo omuhle ongazilimazi izimoto nezimoto ezilungele ukuthutha umphakathi.

Siyethemba kodwa ukuthi ngelinye ilanga sizosithola isixazululo sale nselelo. Ngizothanda ukunxusa bonke abanikazi bezithuthi zomphakathi abazosebenzisa le migwaqo ukuba balandele yonke imigudu efanele ngaphambi kokuthi basebenzise le migwaqo uma isiqediwe ukulungiswa.

NjengoNqgongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ngihlale ngikuthola kunzima ukuhlukanisa ezinye izindaba okumele zibhekwe yiyona yomibili iminyango. Le minyango yomibili iphethe ukufa nokuphila. Uma ungafanga emgwaqeni ungaba yisisulu sobugebengu noma ube imbangela yokukodwa kulokhu noma kokubili. Phela vele, ukuphula umthetho womgwaqo kuyicala lobugebengu ngokwako. Uma uphuza bese uyashayela, ungaya ejele noma ulahlekelwe ilayisensi yakho. Uma ubulala noma ulimaza ohamba ngezinyawo emgwaqeni usuke wenze icala lobugebengu nalapho.

Yingakho-ke namhlanje sithi sihlaba umkhosi emiphakathi yaseMzimkhulu nasesifundeni saseSisonke jikelele, ukuthi nihlanganyele noHulumeni wethu embhidlangweni wokulwa nobugebengu KwaZulu-Natal, esithi ***Build a United Front Against Crime***. Ngitholile ukuthi ukwebiwa kwemfuyo kulesi sifunda yibona bugebengu obudla lubi bese kulandela ukudunwa kwezimoto nokubulala amafasitela ezimoto ngenhloso yokweba izinto ezingaphakathi emotweni, esithi i-*smash and grab.*

Sihlaba ikhwela lokuthi kugqugquzelwe ukuhlangana kwazo zonke izinhlaka zomphakathi ekuqiniseni umkhankaso wokulwa nobugebengu kule ndawo. Kubalulekile ukuthi seseke uhlelo lwamavolontiya lwakule ndawo. Njengamanje, uMzimkhulu unamavolontiya angu-24 kanti uma sekuhlangene nabanye omasipala bendawo sinamavolontiya angu-101 ngaphansi kwesiFunda iSisonke.

Sengiphetha, mangihalalisele umphakathi waseMzimkhulu nesifunda sonke saseSisonke ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhriji asebekutholile nabasazokuthola. Njengohulumeni, sizohlale siqinisekisa ukuthi ibhajethi yethu iyafinyelela emiphakathini emazingeni aphansi lapho kumele senze umehluko obonakalayo ezimpilweni zabantu abampofu.

**Ngiyabonga.**